NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION
MAY 2023

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA: IPHEPHA II
ISIZULU FIRST ADDITIONAL LANGUAGE: PAPER II

Isikhathi: Amahora ama-2½ Amamaki ayi-100

QAPHELA LOKHU OKULANDELAYO

1. Leli phepha linamakhasi ayi-9. Qiniseka ukuthi nelakho liphelele.
2. Leli phepha lineziqephu EZIMBILI.
3. Phendula ZOMBILI iziqephu.
4. Izinombolo zezimpendulo zakho mazibe njengasephepheni, UNGAZIGUQULI.
5. Ungaqala nganoma yisiphi isiqephu kodwa kufanele imibuzo yeziqephu ungayixovi.
6. Qala umbuzo omusha ekhasini elisha.
7. Bhala ngokucacileyo nangobunono ukuze kube lula ukumaka umsebenzi wakho.
8. Phendula yonke imibuzo ngesiZulu esihle.

IEB Copyright © 2023

ISIQEPHU A *HLWANYELA UYOVUNA* – N. B. MAGWAZA

- Lesi siqephu sinoMbuzo 1, 2, 3, no-4.
- Phendula yonke imibuzo.
- Qala yonke imibuzo yalesi siqephu ekhasini elisha.
- Uzothola amamaki kulokhu okulandelayo:
  - ulwazi lwendaba
  - ukwethula umbono wakho uwusekele kahle
  - ukubhala inani lamagama
  - isipelingi esihle
  - ulimi oluhle

UMBUZO 1

Funda isigaba esicashunwe endabeni. Phendula imibuzo engezansi.

"Le **ngcanga** engonele umntanami ngizoyithola, ngiyogcine ngiyazile ukuthi ingubani wakwabani." Imicabango yakhe uMbhele aze ayiphimise nangomlomo. "Angikhathali noma kungathiwa ngeyakwabani ngiyongena **kuchitheke gula linamasi** kubo kwalowo mfana!" Eseze wafutheka izihlathi uMbhele sengathi inhlwathi, aqedele ngokuthi: "Uyabona, uma ngimthola uNtombi ngobuya naye!"

[Sicashunwe esahlukweni 3, ekhasini 16]

1.1 Ubani okhulumayo, ukhuluma nobani lapha? (2)

1.2 Bhala isibongo salo mfana uMbhele akhuluma ngaye. (1)

1.3 Khetha impendulo elungile.

1.3.1 **Ingcanga yi ...**

A kati
B nja
C ngulube (1)

1.3.2 **"Kuchitheke gula linamasi"**, kusho ukuthi:

A izinto zizohamba kahle.
B izinto zizobuyela endaweni yazo.
C izinto zizokonakala. (1)

1.4 Chaza kahle ukuthi kungani uMbhele embiza (lo mfana) **ngengcanga**. (2)

IEB Copyright © 2023

1.5 Funda la mazwi angezansi*.* Bhala impendulo ezoba ngamagama **angama-60** kuya **kwangama-80**.

> "Le ngane isizikhiphile kimina!"
>
> [Acashunwe esahlukweni 8, ekhasini 59]

La mazwi ayeshiwo nguMbhele ekhuluma ngoNtombi.

- Bhala ngobudlelwano phakathi kukaMbhele noNtombi. (3)
- Chaza ukuziphatha kwabo ebudlelwaneni babo. (3)

Ulimi nohlelo (1)
Inani lamagama nokulibhala (1)
[15]

UMBUZO 2

Funda lokhu okulandelayo bese uphendula imibuzo. Bhala impendulo ngezigaba. Phendula ngamagama asukela **kwayi-100** kuya **kwayi-120**.

Le ndaba **inodweshu lwangaphandle** oluningi oludalwa nguMbhele.

2.1 Chaza **ngodweshu** lukaMbhele, bhekisa kulaba balingiswa:

- UMaNgcobo (2)
- UNtombi (2)
- UNdelu (2)

2.2 Lolu dweshu lumveza njengomuntu onjani uMbhele? Chaza ngamaphuzu amabili. (4)

2.3 Chaza ngomphumela walolu dweshu phakathi kukaMbhele nabalingiswa abangenhla. (3)

Ulimi nohlelo (1)
Inani lamagama nokulibhala (1)
[15]

IEB Copyright © 2023

UMBUZO 3

Bhala **ingxoxo** ezoba ngamagama **ayi-130 kuya kwayi-150**.

Esibhedlela, uMbhele ukhuluma noNtombi ngaphambi kokuthi ashone. Bhala **ingxoxo** phakathi kukaMbhele noNtombi. Engxoxweni yabo veza okwenzekile kanye nemizwa yabo.



[<www.google.co.za>]

Ingqikithi (okusendabeni =7 / okwakho =3)	(10)
Isakhiwo	(2)
Ulimi nohlelo	(2)
Inani lamagama nokulibhala	(1)
	[15]

IEB Copyright © 2023

UMBUZO 4

Funda isitatimende esingezansi. Bhala **i-eseyi** ezoba ngamagama **ayi-180** kuya **kwangama-200**. **I-eseyi** yakho mayihlukaniseke **ngezigaba, ibe nesihloko**.

Inkani nokungaxoli kungaba nomphumela omubi empilweni.



[<www.google.co.za>]

Isingeniso

- Veza umbono wakho ngalesi sitatimende esingenhla. (2)

Ingqikithi

- Bhala ngokuzwana kukaMbhele noNdelu besakhula. (2)
- Okwenzeka phakathi kwabo. (3)
- Bhala ngezenzo eziveza inkani yabo. (4)
- Qhathanisa uMbhele noNdelu. (4)
- Umphumela wokungaxoli kukaMbhele noNdelu. (2)

Isiphetho

- Yisiphi isifundo ositholile ngobudlelwano babo. (2)
- Usizo ongaluthola empilweni yakho ngalesi sifundo. (2)

Isakhiwo (1)
Ulimi nohlelo (2)
Inani lamagama nokulibhala (1)
[25]

Amamaki angama-70

ISIQEPHU B UKUBHALA NOKWETHULA

- Lesi siqephu sinoMbuzo 5 noMbuzo 6.
- Qala yonke imibuzo yalesi siqephu ekhasini elisha.
- Uzothola amamaki kulokhu okulandelayo:
  - Isakhiwo esifanele
  - Ithoni nerejista efanele
  - Ulimi oluhle
  - Isipelingi esihle
  - Ingqikithi enhle
  - Ikhono lokuziqambela
  - Ukubhala inani lamagama

UMBUZO 5

Phendula uMbuzo 5.1 **NOMA** uMbuzo 5.2. Bhala amagama **ayi-150** kuya **kwayi-180**.

5.1 Incwadi yakomkhulu

Wena unguthishomkhulu. Esikoleni sakho abafundi abaningi banengcindezi (*pressure*) yokuphasa umatikuletsheni. Bhalela abazali **incwadi** ubanikeze izeluleko ezizobasiza ukuze abafundi baphumelele kahle.



[<www.google.co.za>]

Incwadi yakho ifake lokhu okulandelayo:

- Ubudlelwano phakathi kwabazali nezingane. (2)
- Ukwakha uhlelo (*plan*) lokufunda ekhaya. (2)
- Imisebenzi yasekhaya ngamaholide nangezimpelasonto. (2)
- Ukuziphatha kwezingane ngamaholide. (2)
- Ukusebenzisana nothisha. (2)

Isakhiwo (7)
Ulimi nohlelo (2)
Inani lamagama nokulibhala (1)
[20]

NOMA

IEB Copyright © 2023

5.2 **Inkulumo**

Esikoleni sakho ukhethwe ukuthi ube yinduna yesikole (*head of school*). Bhala **inkulumo** yakho ozoyethula ngosuku lokugcotshwa (*induction*) kwakho.



[<www.google.co.za>]

Inkulumo yakho ifake lokhu okulandelayo:

- Ukubonga nokuncoma umholi odlule. (2)
- Ukubaluleka kwalesi sikhundla. (2)
- Uthando lwakho ngesikole. (2)
- Izinhloso zakho / Izinto ongathanda ukuzibona zenzeka / izifiso zakho ngesikole kanye nokunye. (4)

Isakhiwo (7)
Ulimi nohlelo (2)
Inani lamagama nokulibhala (1)
[20]

UMBUZO 6

Khetha uMbuzo 6.1 **NOMA** uMbuzo 6.2. Bhala amagama **angama-60 kuya kwangama-80**.

6.1 I-imeyili

Wena udlalela iqembu lokuqala esikoleni sakho. Iqembu lenu liphumelele emcintiswanweni (*tournament*). Bhalela umngane wakho **i-imeyili** umxoxele ngomcintiswano.



[<www.google.co.za>]

I-emeyili yakho ifake lokhu okulandelayo:

- Uhlobo lomdlalo. (1)
- Indawo okudlalelwa kuyo. (1)
- Imidlalo eniyidlalile. (2)
- Imizwa yakho. (2)

Isakhiwo (2)
Ulimi nohlelo (1)
Inani lamagama nokulibhala (1)
[10]

NOMA

IEB Copyright © 2023

6.2 **Iresiphi**

Wena ungumbhaki, umama wakho ucele ukuthi umbhakele ikhekhe losuku lwakhe lokuzalwa. Bhala **iresiphi** yekhekhe ozolibhaka.



[<www.google.co.za>]

Iresiphi yakho ifake lokhu okulandelayo:

- Uhlobo lwekhekhe. (1)
- Izithako (*ingredients*). (2)
- Izinsiza. (1)
- Izindlela zokulibhaka. (2)

Isakhiwo (2)
Ulimi nohlelo (1)
Inani lamagama nokulibhala (1)
[10]

Amamaki angama-30

Amamaki esewonke: 100

IEB Copyright © 2023